

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

JUNI 2017

IBANGA LE-12

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-7

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka (lungaba imephu/dayagramu, ishadi lemicabango, amagama asemqoka njll). Fundisisa bese ulungisa amaphutha emsebenzini wakho.

6. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: amaminithi angama-30

8. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.


ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Kuhle Ukuxolelana. [50]
- 1.2 Injabulo Yayibhalwe Emehlweni Ami. [50]
- 1.3 Ngiyaziqhenya Ngobuzwe Bami. [50]
- 1.4 Ubuhle Nobubi Bendlela Osaziwayo Abaziphatha Ngayo Emicimbini Yomphakathi. [50]
- 1.5 Kungabe Izimfihlo Zinomthelo Omubi Emindenini? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.


1.6.1



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama 80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHEHWENI

Uthenge ubisi esitolo kanti uzofika ekhaya uthole ukuthi ludlulelwe yisikhathi, selonakele/selubolile.

Bhala incwadi yokukhononda kumphathisitolo uMnumzane JJ Serise uzwakalise ukunganeliseki kwakho. Sebenzisa leli kheli:
Inqindi Cash and Carry, P. O. Box 707, Madlala Township, 2736.

[30]**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umalume wakho ugcine eshonile emva kokugula isikhathi eside. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ngoba uwena omazi kakhulu kunabanye.

Bhala umlando ngomufi.

[30]**2.3 I-Ajenda kanye Namaminithi Omhlangano.**

Ungumabhalane wekomidi elikhethelwe ukuhlela umcimbi wokuvalalisa abafundi bebanga le-12 esikoleni sakho. Izolo leli komidi belihlangene lixoxa ngamalungiselelo alo mcimbi.

Bhala i-ajenda kanye namaminithi omhlangano obusehholo lesikole izolo.

[30]**2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Ngesikhathi kudlalwa ibhola lezinyawo esikoleni sakho, kukhona abafundi akade belwa. Wena uqophe i-video wase uyithumela ezinkundleni zokuxhumana. Lokhu kube nomthelela omubi ngesikole, uthishomkhulu wadinwa.

[30]

Bhala inkulumo-mpendulwano/ingxoxo phakathi kwakho nothishomkhulu.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISI

Uvule ibhizinisi elidayisa ngemfuyo (livestock) ezindaweni ezintathu ezehlukene.

Bhala isikhangisi esizoheha abathengi.


[20]**3.2 IDAYARI**

Umama wakho uzobe eqeda iminyaka yokuzalwa engama-50 ngoMgqibelo. Umndeni uhlele ukumenzela umcimbi oyimfihlo wokummangaza. Kuningi abakucele ukuthi ukwenze ukuze lo mcimbi ube yimpumelelo.

Bhala dayari yezinsuku eziyi-5 ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kosuku lomcimbi.

[20]**3.3 INKOMBANDLELA**

Buka le nkombandlela esekhasini elilandelayo bese ubhala indlela ohamba ngayo uma usuka ekhaya uya esontweni ngokulandela imicibisholo.



[umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
 AMAMAKI ESEWONKE: 100

